

## Ngiyabona, Ngiyafuna, Ngiyathatha



### NgeSabatha Ntambama

#### Kuleliviki Funda ku:

2 Korinte 8:1-7; Math. 13:3-7, 22; Gen. 3:1-6; Isaya 56:11; Math. 26:14-16; 2 Petru 1:5-9.

#### Indimana Yekhanda:

“ ‘Futhi-ke ohlwanyelwe emeveni nguye olizwa izwi, kepha iminako yalesi sikhathi nokukhohlisa kwengebo kuminyanisa izwi, abe ngongatheliyo’ ” (Mathewu 13:22).

**U**thando lwemali nezinto zasemhlabeni kungeza kithina kuvela ezinhlangothini ezihlukene. U Ellen G. White uchaza ubuqili bukaSathane bokusiheha ngokusebenzisa uthando lwezwe. “ ‘Hambani nenze abanikazi bomhlaba nabemali ukuba badakwe ukunaka okwalomhlaba. Khangisani ngezwe phambi kwabo ngendlela ebukeka kahle kakhulu, ukuze baqongelele ingcebo yabo lapha, bagxilise uthando lwabo emhlabeni. Sidinga ukwenza konke okusemandleni ethu ukuvimbela labo abasebenzela uNkulunkulu ukuba bangayitholi imali yokusebenza ngokuphikisana nathi. Asiyigcine kithina imali. Uma bethola imali, kulapho bezolimaza umbuso wethu ngokusephuca abantu bethu. Benzeni banake imali kakhulu kunokwakha umbuso kaKrestu nokusabalalisa amaqiniso esiwazondayo, kanti asidingi ukwesaba umthelela wabo; ngoba siyazi ukuthi yilowo nalowo muntu oyigovu, ozicabangelayo, uzowiswa amandla ethu, bese kuthi ekugcineni behlukane nabantu bakaNkulunkulu.’ ” — *Counsels on Stewardship*, amakhasi 154, 155. Lelicebo ngeshwa, libonakala lisebenza kahle. Manje-ke, ake sibuke lezizingozi nokuthi iZwi likaNkulunkulu lithini kithina ukuze sikwazi ukugwema lonoxhaka wemphefumulo.

*\*Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Masingana 13.*

# Ivangeli Lokunotha

Umshumayeli wodumo kumabonakude unomyalezo olula-nje: uNkulunkulu ufuna ukukubusisa, kanti ubufakazi besibusiso saKhe ukwanda kwempahla onayo. Ngamanye amazwi, uma wethembekile, uNkulunkulu uzokwenza isicebi. Lomqondo, nokunye okufana nawo, ubizwa ngokuthi ivangeli lokunotha: Landela uNkulunkulu, uzokwenza isicebi ngezinto zomhlaba. Lomqondo awusiyo enye into ngaphandle kwendlela yamanga yokwesekela ngesifundiso uthando lwezwe, ngoba okushiwoyo ngempela nakhu: Uyafuna ukuthanda okwasezweni bese uzizwa kamnandi ngalokho? Thina-ke sikuphathele “lelo vangeli.” Kodwa ukuhlanganisa ivangeli nesiqiniseko sokuceba kuyalahlekisa. Lenkolo ibanga ukushayisana neMibhalo futhi itshengisa imfundiso yokuzicabangela okuyiqiniso elingaphelele, elembethe ulimi lweBhayibheli. Ekujuleni kwalamanga, kukhona udaba oluphakathi kwaso sonke isono, okuwukuthanda umina nokulangazelela ukuthokozisa umina ngaphezu kwakho konke okunye.

Imfundiso yevangeli lokunotha ifundisa ukuthi ngokunikela kuNkulunkulu, sithola isiqiniseko sokuklonyeliswa ngomcebo wasemhlabeni. Kodwa lokhu kwenza uNkulunkulu afane nomshini wokuthengisa lapho ufaka khona imali bese uthola okuthengayo, futhi kwenza ubudlelwane bethu naYe bufane nokuhweba; Mina ngozokwenza okuthile, bese Wena uthembisa ukuthi uzokwenza okuthile. Sinikela hhayi ngoba kuyinto efanelekile, kodwa ngenxa yalokho esizokuzisa ngokunikela kwethu. Yilelo-ke ivangeli lokunotha.

**Funda ku 2 Korinte 8:1-7. Kwenzekani la? Sibona ziphi izimiso kulezindimana eziphikisana nalomqondo wevangeli lokunotha? Usho ukuthini uPawulu uma ekhuluma “ngomusa wokusebenza” (2 Korinte 8:7)?**

---



---



---

Labantu, nakuba “bempofu ngokweqile” (2 Korinte 8:2), babephana kakhulu, benikela nokungaphezu kwamandla abo. Izindimana ezinjena, nezinye eziningi, ziyasiza ukuchitha imfundiso yamanga yevangeli lokunotha elifundisa ukuthi uma umi kahle ngakuNkulunkulu uzobonakala ngempahla eningi yasemhlabeni.

**Yiziphi izibonelo ongazithola zabantu abathembekile kuNkulunkulu kodwa abanganohile ngokwasezweni, nalabo abangathembekile kuNkulunkulu kodwa abanothile ngezinto zasezweni? Lokhu kufanele kusitsheleni mayelana nokusebenzisa umnotho njengenkomba yezibusiso zikaNkulunkulu na?**

## Iso Lenkolo Elifiphele

Asidingi neBhayibheli ukusifundisa iqiniso elilodwa elisobala: iminako yalelizwe nobucebi balo, okwesikhashana. Akukho lutho oluhlala isikhathi eside la. Njengoba washo uPawulu: “Thina asibhekile okubonwayo, ngokuba okubonwayo kungokwesikhashana, kepha okungabonwayo kungokwaphakade” (2 Korinte 4:18). AmaKrestu abuka ngendlela efiphazekile uma egxila ekunakeni okwalomhlaba kunokuba agxile endleleni yezulu. Kanti futhi zimbalela izinto ezingafipheza amehlo awo ngaleyo ndlela njengokukhohlisa kobucebi. UHelen Keller, owayeyimpumputhe wathi: “Okunguyena muntu wokudatshukelwa kakhulu emhlabeni umuntu onamehlo kodwa engenawo umbono.” IBhayibheli ligcwaliswe yizibonelo zalabo ababenamehlo, kodwa ngokwasemphefumulweni beyizimpumputhe. “Abanye bathanda lelizwe ngendlela yokuthi ligwinya uthando lwabo lweqiniso. Uma kukhula umcebo wabo la, umdlandla wabo kulowo mcebo wasezulwini uyancipha. Ngokuba nempahla eyandile, kulapho beyinkonkoshela kakhulu ezifubeni zabo, sengathi bayesaba ukuthi bazophucwa lomcebo wabo. Ngokukhula kwempahla yabo, kuncipha ukuphana kwabo, ngoba ngokwanda kwempahla yabo, kulapho bezibona beswele. Yeka ukukhohlisa komnotho! Abaziboni futhi abazizwa izidingo zomsebenzi kaNkulunkulu.”— Ellen G. White, *Spiritual Gifts*, vol. 2, ikhasi 267. Iso lenkolo elifiphele libeka usindiso lwaphakade engcupheni. Akwanele ukubuka uJesu; sidinga ukugxila kuYena.

**Funda kuMathewu 13:3-7 no 22. Iyiphi ingozi uJesu asexwayisa ngayo lapha? Kungani lokhu kuyisithiyo esilula kunoma ubani, ocebile nompofu?**

---



---



---



---

Okokuqala, uJesu usixwayisa ngeminako yalelizwe (Math. 13:22). UJesu uyazi ukuthi sonke kukhona esikhathazeki ngakho, okuhlanganisa izimali. Abampofu bakhathazeki ngokuthi abanalutho, izicebi zikhathazeki ngokuthi yini enye ezingase ziyidinge. Sidinganje ukuqaphela ukuthi asivumeli ukukhathazeka okunjalo “kuminyanise izwi” (Math. 13:22) empilweni yethu. Okwesibili, uJesu usixwayisa “ngokukhohlisa kwengebo” (Math. 13:22). Nakuba ingcebo ngokwayo ingesona isono, noma kunjalo inamandla okusikhohlisa ngendlela engaholela ekubhujisweni kwethu ekugcineni.

**Yikuphi ukukhohlisa kwengebo okubonayo kweyakho impilo? Yiziphi izinqumo ongazenza ukuzivikela kulokhu kukhohlisa?**

# Izinyathelo Zokuhaha

Njengazo zonke izono, ubugovu buqala enhliziyweni. Buqala ngaphakathi kwethu, buphumele ngaphandle. Kwenzeka lokho e-Edeni.

**Funda kuGenesis 3:1-6. Wenzani uSathane ukuheha uEva ukuze one na? Uyisebenzise kanjani lendlela eminyakeni ukusikhohlisa nathi na?**

---

“Owesifazane ebona ukuthi umuthi ulungele ukudliwa, nokuthi uyabukeka emehlweni, nokuthi umuthi unxanelekile ekuhlakaniphiseni, wathatha izithelo zawo, wadla, wanika nendoda yakhe kanye naye, nayo yadla” (Gen. 3:6). Ukuba umuntu ubengazi, ubengacabanga ukuthi imboni yokukhangisa yathola isibonelo sayo sendlela yokuthengisa imikhiqizo, endabeni yase Edeni. USathane wakhuluma ngesithelo esenqatshelwe ngendlela eyenza kube khona kuEva isifiso sokuthola ezingaphezu kwalezo ayesezitholile vele, wamenza acabange ukuthi udinga okuthile ayengakudingi empeleni. Icebo lobuhlakani! Ukuwa kwakhe kuyisifanekiso sezinyathelo ezintathu thina ngabanye esizithathayo uma siwiswa ukulangazelela: Ngiyabona, ngiyafuna, ngiyathatha. Ukufisa kungaba yisono esithule. Njengenkanuko, sifihlakele ngemuva kwesihlenqo somzimba wethu. Kodwa uma sesithela izithelo, kungonakala. Singalimaza ubudlelwane, sishiye izibazi kwabathandiweyo bakho, futhi sisibelesele ngonembeza ngemuva kwalokho.

Uma ukufisa buke bavela obala, buzochachaza phezu kwazo zonke izimiso. Inkosi uAhab wabona isivini sikaNaboth, wasifuna, wanyukumala kwaze kwaba undlunkulu wakhe wathumela ukuthi kubulawe uNaboth ngenxa yesivini (1 AmaKhosi 21). UAkani akakwazanga ukuzibamba uma ebona okokugqoka nemali, wakufisa, wakuthatha (Josh. 7:20-22). Ukufisa kuseyindlela yobugovu. “Uma ubugovu buyisona sono esibusayo, ukufisa kungathathwa njengobugovu obubusayo. Lokhu kuthintwa ngendlela enamandla umpostoli Pawulu uma echaza izikhathi eziyingozi [2 Thim. 3:1] zohlubuko lokugcina, uthi ubugovu yimpande enezithelo yabo bonke ububi obuyokwenzeka ngaleso sikhathi, kanti ukufisa kuyokuba yisithelo sokuqala. ‘Ngokuba abantu bayokuba abazithandayo, nabathandimali’ [2 Thim. 3:2].” —John Harris, *Mammon*, (New York: Lane & Scott, 1849) ikhasi 52.

**Kubaluleke ngani ukuthi sibone empilweni yethu yonke imikhuba yokufisa na?**

---



---

# Ukuhaha—Ukufuna Kwenzeke Intando Yakho

**Funda kuIsaya 56:11. Kuxwayiswa ngasiphi isono lapha na?**

---

Kithina bantu abawele esonweni, ukuhaha kungaba lula njengokuphefumula. Futhi kuzifikela kanjalo. Kodwa, kulukhuni ukucabanga ngento esesimilweni somuntu ephambene nesimilo sikaKrestu njengokuhaha. “Ngokuba niyawazi umusa weNkosi yethu uJesu Kristu ukuthi, nakuba ecebile, waba mpofu ngenxa yenu, ukuze ngobumpofu bakhe nicebe nina” (2 Kor. 8:9). UNkulunkulu kuphela owazi umonakalo owenziwe ukuhaha kuwo wonke umlando. Ukuhaha kubange izimpi. Ukuhaha kwenze abantu ukuba benze ubugebengu obulethe usizi kubona nemindeni yabo. Ukuhaha kungalinganiswa negciwane elinamathela emntwini, lidle konke ukulunga kuze kusale kuphela ukuhaha okuphindaphindiwe. Ukuhaha yisifo esifuna konke: ukulangazela, amandla, nempahla. Kuyaphinda futhi: Ngiyabona, ngiyafuna, ngiyathatha.

**Funda kuMathewu 26:14-16. Singafundani ngamandla okuhaha kulendaba edabukisayo na?**

---

Qaphela amazwi kaJudas: “‘Nizonginikani uma ngimkhaphela kini na?’ “ (Math. 26:15). Sibona ukuhaha budlondlobala phezu kwayo yonke into! UJudas wayekade enlungelo eledlula elabangingi emlandweni: wayephila noJesu emhlabeni, wabona izimangaliso zaKhe, wamuzwa eshumayela amazwi okuphila. Kodwa—bheka ukuthi ukuhaha nokufisa kwamholela ekuthini enzeni. UMsindisi wamphatha ngesihawu esikhulu lowo owayezokuba umkhapheli waKhe! Ekufundiseni kwaKhe, uJesu wayehlala phezu kwezimiso zokuphana ezazishaya khona empandeni yokufisa. Wenekela uJudas bonke ububi bokuhaha, kanti izikhathi eziningi lomfundi wayebona ukuthi yisimilo sakhe okukhulunywa ngaso, nesono sakhe asibone; kodwa wayengavumi ukuvuma nokushiya lobo bubu bakhe.”—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, ikhasi 295.

**Ubani okuthi ngenxa yobudedengu, angabonakalisi ukuhaha okuthile esimilweni sakhe na? Singenza kanjani, ngokusizwa umusa kaNkulunkulu, ukuthi silawule lomkhuba ozenzakalayo?**

---

# Ukuzithiba

**Funda lezindimana ezilandelayo. Zisitshelani lokho okungasisiza nokufanele kusisize ukuqonda indlela abantu abacebile nabampofu, abangazivikela ngayo ezingozini ukuhaha, ukufisa, kanye nokuthanda imali nezinto zasezweni ezingakuletha kumKrestu?**

**Izenzo 24:24-26**

---

**Gal. 5:22-25**

---

**2 Petru 1:5-9**

---

Lezindimana zicebe kakhulu futhi zigcwele imiyalo engcwele mayelana nokuthi siphile kanjani. Kodwa qaphela okukodwa okufanayo kuzo zonke: ukuzithiba. Lolu phawu lungaba lukhuni uma sekufikwa ekuhaheni, ukufisa, nokulangazelela ukuba nezinto. Kungokuzithiba kuphela, kuqala okwemicabango yethu bese kuba izenzo zethu, lapho singavikeleka khona ezingozini zezinto ebesikhuluma ngazo. Singasebenzisa lokho kuzithiba kuphela ngezinga esizunikela ngalo emandleni kaNkulunkulu. Akekho kithi, ngawethu amandla, onganqoba lemikhuba yesono, ikakhulu uma seyigxile isikhathi eside futhi siyithanda. Ngempela sidinga amandla ezulu asebenza ngoMoya oNgcwele empilweni yethu uma sifuna ukunqoba lezinkohliso ezinamandla. “Anifikelwanga ukulingwa okungenjengokwabantu, kepha uNkulunkulu uthembekile, ongayikuvuma ukuba nilingwe ngokungaphezu kwamandla enu, kepha oyakuthi kanye nokulingwa anenzele indlela yokuphepha, nize nibe namandla okukuthwala” (1 Kor. 10:13).

**Phinda ufunde ku 2 Petru 1:5-9. Iyiphi lendlela uPetru akhomba kuyo? Ziyini izinyathelo zayo, futhi singafunda kanjani ukuzilandela, kakhulukazi emzabalazweni wethu silwa nokuhaha nokufisa?**

---



---



---

**Ukujula Nomcabango:** Umgomo omkhulu wabantu ukuthokoza nokwaneliseka. Kodwa ukwaneliseka ngezinto zasezweni ngeke kuwufeze lomgomo. Ekujuleni kwenhliziyo, abantu bayazi ukuthi lokhu kuyiqiniso, kodwa bayaqhubeka ekuthathekiseni yizinto zezwe: Ngiyabona, ngiyafuna, ngiyathatha. Yini engaba lula kunalokho? Ama Seventh-day Adventist, njengabo bonke abanye abantu, abhekene nesilingo sokulandela izwe. Kodwa ukuqongelela impahla akulethi injabulo, ukwaneliseka, noma ukugculiseka. Kunalokho kuletha izinkinga, njengoba sibona insizwa enothileyo ifulathela uJesu idangele, ingenathemba ngoba ayizwanga lokho eyayifuna ukukuzwa, ayitholanga lokho eyayikufuna. “Ubuzwe buhambisana nokonakala kwempilo yabantu, kusukela ekungagculisekini ngempilo nenjabulo, kuye kwincindezi yengqondo nokukhathazeka, nokugula okufana nokuphathwa yikhanda, nokungakwazi ukuba nobudlelwane obuhle nabanye, nokuziphatha okungahambisani nendlela yomphakathi.”—Tim Kasser, *The High Price of Materialism* (Cambridge, Mass.: The MIT Press, 2002), ikhasi 22. AmaKrestu athanda izwe, ngamanye amazwi, aphuzwa ngokuziqhenya emthonjeni wengcebo, kodwa omile emiphfumulweni. Kodwa ngeke some ngokuphuza amanzi atholakala kuKrestu (Johane 4:14).

### Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Ake ugxile kulomqondo wevangeli lokunotha. Yiziphi izindimana labo abakholelwa kulona abangase bazisebenzise ukulikhuthaza? Khona manjalo, ungathola ziphi izibonelo eBhayibhelini zabantu abathembekile abampilo zabo zichitha lemfundiso eyize?
2. Ingane yakheseyineminyaka embalwa nje, indoda ethile yathi: “Ngifunde amaqiniso amabili eBhayibheli abalulekile kulengane. Elokuqala, ukuthi sizalwa siyizoni. Elesibili, ukuthi sizalwa sihaha.” Ubani ungaxoxa izindaba ngendlela nezingane ezibonakalisa ngayo ukuthi ngokwemvelo sihaha kangakanani thina njengabantu? Lokho kusitshelani ngesidingo somusa wasezulwini na?
3. Omunye wabhala wathi: “Uma sifuna umsuka wezinkathazo zethu, besingeke abantu sibahlololele izidakamizwa—asibahlololele ubuwula, ukweswela ulwazi, ukuhaha, nokuthanda ukubusa.” Yini le esekuhaheni elimaza kangaka, engalimazi kuphela lowo ohahayo, kodwa nalabo abamzungezile? Yiziphi izibonelo ozaziyo lapho ukuhaha kwenza khona umonakalo omubi kakhulu kubo bonke abathintekayo?